**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

1. Fundisisa yonke imibuzo. Funda uhlu lokuqukethwe bese ukhetha imibhalo oyifundile.

2. Leli phepha lineziqephu EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Izinkondlo | (30) |
| ISIQEPHU B: | Amanoveli | (25) |
| ISIQEPHU C: | Imidlalo | (25) |

3. Phendula imibuzo EMIHLANU. Funda uhlu lokuqukethwe ekhasini LESITHATHU ukuze ubone ukuthi imibuzo iphendulwa kanjani.

4. Izimpendulo zemibuzo emide esiqeshini A maziphendulwe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

5. Izimpendulo zemibuzo emide esiqeshini B no C maziphendulwe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

6. Izimpendulo zemibuzo emifushane, amamaki anikeziwe emibuzweni ayakwelekelela ukuthi kumele uphendule kangakanani.

7. Qaphela ukuthi izinombolo ozisebenzise ezimpendulweni zakho ziyahambisana nalezo ezisetshenziswe abahlolayo emibuzweni.

8. Uyelulekwa ukuba ubhale ngobunono nangesandla esibonakalayo.

9. Qalisa isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA.

10. Indlela yokusebenzisa isikhathi:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Imizuzu engama-40 |
| ISIQEPHU B: | Imizuzu engama-55 |
| ISIQEPHU C: | Imizuzu engama-55 |

**OKUQUKETHWE**

Phendula imibuzo **EMIHLANU** enamamaki angama-80 njengoba kukhonjisiwe ngezansi.

**ISIQEPHU A: IZINKONDLO**

**AMAHLOKOHLOKO (EJ Mhlanga, JJ Thwala)**
**IZINKWAZI ZOTHUKELA (LPM Makhanya)**

Kulezi zinkondlo ezine ezibuziwe, phendula noma ngabe yiziphi izinkondlo **EZIMBILI**.

Uphoqelekile ukuphendula inkondlo **ENGAMISELWE**. Phendula **UMBUZO 5** noma **UMBUZO 6**.

| INOMBOLO YOMBUZO | UMBUZO | AMAMAKI | INOMBOLO YEKHASI |
|---|---|---|---|
| 1. Umshado Wanamuhla | Umbuzo omude | 10 | 5 |
| **NOMA** | | | |
| 2. Imvunge Yeminyezane | Umbuzo omfushane | 10 | 6 |
| **NOMA** | | | |
| 3. Mkhongi Wosizi | Umbuzo omfushane | 10 | 8 |
| **NOMA** | | | |
| 4. Sasingazange Simbone | Umbuzo omfushane | 10 | 9 |

**KANYE**

Nenkondlo engamiselwe: Phendula noma imuphi umbuzo **OWODWA**.

| | | | |
|---|---|---|---|
| 5. Kanti Kunjan'emhlabeni? | Umbuzo omude | 10 | 10 |
| **NOMA** | | | |
| 6. Kanti Kunjan'emhlabeni? | Umbuzo omfushane | 10 | 11 |

**ISIQEPHU B: AMANOVELI**

Phendula umbuzo **OWODWA**.

| | | | |
|---|---|---|---|
| 7. Inoveli 1 *Bengithi Lizokuna* | Umbuzo omude | 25 | 12 |
| **NOMA** | | | |
| 8. Inoveli 1 *Bengithi Lizokuna* | Umbuzo omfushane | 25 | 12 |
| **NOMA** | | | |
| 9. Inoveli 2 *Usumenyezelwe-ke Umcebo* | Umbuzo omude | 25 | 13 |
| **NOMA** | | | |
| 10. Inoveli 2 *Usumenyezelwe-ke Umcebo* | Umbuzo omfushane | 25 | 14 |
| **NOMA** | | | |
| 11. Inoveli 3 *Kunjalo-ke* | Umbuzo omude | 25 | 15 |
| **NOMA** | | | |
| 12. Inoveli 3 *Kunjalo-ke* | Umbuzo omfushane | 25 | 15 |

| **ISIQEPHU C: IMIDLALO**<br><br>Phendula umbuzo **OWODWA**. | | | |
|---|---|---|---|
| 13. Umdlalo 1<br>*Kudela Owaziyo* | Umbuzo omude | 25 | 18 |
| **NOMA** | | | |
| 14. Umdlalo 1<br>*Kudela Owaziyo* | Umbuzo omfushane | 25 | 18 |
| **NOMA** | | | |
| 15. Umdlalo 2<br>*Awuwelwa UMngeni* | Umbuzo omude | 25 | 20 |
| **NOMA** | | | |
| 16. Umdlalo 2<br>*Awuwelwa UMngeni* | Umbuzo omfushane | 25 | 20 |

**QAPHELA:** Kumele uphendule umbuzo OWODWA omude kanye nombuzo OWODWA omfushane esiqeshini B nasesiqeshini C. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omfushane esiqeshini B, kusho ukuthi kumele uphendule umbuzo omude esiqeshini C, kanjalo futhi uma ukhetha umbuzo omude esiqeshini B, kusho ukuthi kumele uphendule umbuzo omfushane esiqeshini C.

**IZIMPENDULO ZAKHO MAZIME NGALOLU HLOBO**

| | |
|---|---|
| Umbuzo 1–4 | Khetha noma yiziphi izinkondlo **EZIMBILI.** |
| Umbuzo 5–6 | Khetha **OWODWA** umbuzo. |
| Umbuzo 7–12 | Khetha **OWODWA** (omude noma omfushane) kuleyo noveli oyifundile. |
| Umbuzo 13–16 | Khetha **OWODWA** (omude noma omfushane) kulowo mdlalo owufundile. |

**Uhla oluyinkomba lokuphendulwa kwemibuzo.**

Emva kokuphendula imibuzo yaleli phepha sebenzisa leli thebula elilandelayo ukuze ube nesiqiniseko sokuthi uyikhethe ngokufanele imibuzo okulindeleke uyiphendule.

| ISIQEPHU | INOMBOLO YEMIBUZO | INANI LEMIBUZO EPHENDULIWE | THIKA |
|---|---|---|---|
| A: Izinkondlo (Ezimiselwe) | 1–4 | 2 | |
| A: Izinkondlo (Engamiselwe) | 5–6 | 1 | |
| B: Inoveli (Umbuzo omude NOMA Umbuzo omfushane) | 7–12 | 1 | |
| C: Umdlalo (Umbuzo omude NOMA Umbuzo omfushane) | 13–16 | 1 | |

**QAPHELA:** Esiqeshini B no C phendula umbuzo OWODWA OMUDE kanye nombuzo OWODWA OMFUSHANE.

## ISIQEPHU A: IZINKONDLO

**Izinkondlo ezimiselwe:**

Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI kulena EMINE ebuziwe elandelayo.

### UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

**Umshado Wanamuhla – G Zulu-Kabanyane**

Kungani indoda ingayi esibhakeleni
Ngabhakelwa ngingenakuzivikela
Hhe, yimi lo osemabobosi
Hhe, yimi osenamahloni ngezwe
Kazi kwakhala nyonini?

Ngaphenduka umdatshukelwa
Ngabangela abanye usizi
Ngabuzwa ukuthi ngihlaleleni
Ibhodwe laqhubeka lingishisa
Unembeza ushonephi?

Kazi sifundo sini lesi,
Engifundiswa sona nsuku zonke?
Kanti ndlelani engiyikhonjiswa nsuku zonke?
Kanti seluleko sini lesi engisinikwa ngendluzula?

Yini lo mshophi ongehlelayo?
Kwafika wena kwacasha izinyo?
Uma kuhlekwa, kuhlekwa wena.
Uma kuthulwe uyedelelwa.
Seziyimise emthumeni
Angisakwazi okulungile nokungalungile.

Yini ekujabulisayo ekuhlukumezeni?
Mqamelo ngiyakuzwela
Usuwaphenduka inkongozelo
Yamanzi anosawoti.
Ingab' ukuba uyakhuluma
Ubuyokhininda ziphi?
Impela okwami okwezandla!

Chaza ukuthi imifanekisomqondo/izithombemagama ziwulolonga kanjani umqondo wale nkondlo. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Makukhonjiswe umqondo wenkondlo.
- Makukhonjiswe ukuthi imifanekisomqondo/izithombemagama ziwulolonga kanjani umqondo wenkondlo. **[10]**

**NOMA**

## UMBUZO 2 (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Imvunge Yeminyezane – JJ Thwala**

Ngizw' imvunge yeminyezane,
Izwakal' ezinkwazini zoMhlathuze,
Iqongel' ezintabeni zoNgoye,
Ingikhumbuz' amaqhawe namaqhawekazi
Adl' umhlanganiso kwaNgqondebanzi,
Evath' iminyezane yobuhlakani
Ahlahl' indlela yakwaLwazi
Ehanjwa ngokuzinikela zikhuthali.

Ngizw' imvunge yeminyezane,
Izwakal' osebeni loMngeni,
Naphakath' ezizibeni zoMngeni
Okubhukud' amaqhawe namaqhawekazi,
Evunul' izidlodlo zenhlonipho,
Avunul' ezegwalagwala zekhethelo,
Kwahlokom' umhlaba ngenhlokomo,
Kwenanel' imvelo ngemvunge.

Ngizw' imvunge yeminyezane,
Ngavul' izindlebe zakhongozela
Unqambothi lobuzwilili baphakade,
Ngaqanul' amaqaphelo ngasinga
Izimangaliso zemikhiqizo yakwaNgqondebanzi:
Zihlinzek' ubuntu nobunye,
Zahlinzek' ubuqotho nesineke,
Zahlinzek' inhlonipho nenkuthalo.

Ngizw' imvunge yeminyezane,
Ingikhumbuz' ukuchwaza kwamahlokohloko,
Ingikhumbuz' ubungqungqulu bezingqungqulu,
Ingikhumbuz' ubuntengu bezintengu,
Ingikhumbuz' ubungududu bezingududu,
Ingikhumbuz' ubunkwazi bezinkwazi
Ingikhumbuz' ubuzwilili bemizwilili-
Yivungeni minyezane, yivungeni!

Ngizw' imvunge yeminyezane
Ihamba nemizwa yami
Kwelezingcithabuchopho kwaNgqondebanzi,
Ingifunz' imilozi engoyivunga phakade,
Ngiqubule ngelegwalagwala kuhlokom' umhlaba,
Ngihlonyw' ezegwalagwala kwetusw' imvunge
Yivungeni minyeyaze yaphakade yivungeni!
Yivungeni kuxhuman' elezinyanya nelengabadi.

Ngizw' imvunge yeminyezane,
Ihamba nami emakhephelweni,
Okomkhapheyana elus' uchibidolo
Olunkone nolunkonekazi, ngiyayivunga,
Olumpemvu nolumpemvukazi, ngiyayivunga,
Olumtshezi nolumtshezikazi, ngiyayivunga,
Oluhhemu noluhhemukazi, ngiyayivunga-
Yivungeni minyezane yekhethelo, yivungeni!

Ngizw' imvunge yeminyezane,
Izwakala kwelamaxhaphozi nelamafenya,
Izwakal' ezizibeni nasemifuleni,
Iqhamuk' emagatsheni ayekethisile
Elalel' imimoya yamagumbi.
Yivungen' imvunge yosikisiki
Iyisisekelo nensika yempilo,
Yivungen' imvunge yekhethelo!

2.1 Kungani imbongi isebenzise impindwa 'Ngizw' imvunge yeminyezane' kule nkondlo? (2)

2.2 Chaza kafushane ngokusetshenziswa kokuxhumana okusekuqaleni emgqeni wama-26 kuya kowama-31. (2)

2.3 Ngabe imbongi ikubuka kanjani ukuthweswa kweziqu kule Nyuvesi ekhuluma ngayo? Sekela impendulo yakho. (2)

2.4 Ngokucabanga kwakho umugqa wama-33 kuya kowama-35 unamthelela muni kulesi sitanza? (2)

2.5 Imbongi iphumelele kanjani ukugqamisa indikimba yale nkondlo emgqeni wama-55 kuya kowama-56? Sekela impendulo yakho. (2)

**[10]**

**NOMA**

## UMBUZO 3 (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Mkhongi Wosizi – S Mpungose**

Mkhongi wosizi uluhlupho,
Ungumkhongi wezinyembezi zegazi,
Usifice sizihlalele, wacunula uhleko lwethu,
Wafuth'izihlathi wadunga injabulo yethu,
Awunasihe, awunamahloni,
Unonya nje kuphela.

Kuqhilika izihlathi nxa ubona izinyembezi zigobhoza,
Mkhongi wosizi unenhliziyo kasathane,
Uwena okhongela usizi nxashana ludinga ubuhlobo,
Lukhwele luzehlele esidalweni sikaThixo,
Mkhongi wosizi,
Sithi maluju sekuzwakele.

Usibethe macala onke,
Sale sewehlisa ulaka,
Uzehlulile izehluleki nezazi,
Baningi esebekhonjwa ngamaqupha.
Imisebenzi yakho mibi, ingcolile ayibukeki.

Ubahlwayele abafelokazi bagcwala izwe,
Zasala nezintandane zincela izithupha,
Agedla amazinyo kubafelwa,
Ubungeke kodwa usagubha unembeza wakho,
Mhlawumbe usekhona, usethule lo mqhele wosizi,
Uselaphe lemici yamalimi osishiye nawo.

Usibophe le migodi yamanxeba osishiye nayo,
Usesule leli gazi osipendapende ngalo,
Usesule lezi zinyembezi ezigcwel' ubuso,
Safa impi yakho engenamkhawulo,
Safa inhlamba yobuqola nezibhamu,
Sabuye saqedelwa nguwe impinda, mkhongi wosizi.
Ngculazi MKHONGI WOSIZI uyisilingo emhlabeni.

3.1 Sizathu sini esenza ukuthi imbongi ibize ingculazi ngomkhongi wosizi? Bhekisa estanzeni sesibili. (2)

3.2 Chaza kafushane ngokusetshenziswa kwezimpawu zokuloba emgqeni wesi-5 kanye nowesi-6. (2)

3.3 Iyini inhloso yembongi yokusebenzisa ukuxhumana okusemgqeni wama-27 kuya kowama-28? (2)

3.4 Ucabanga ukuthi ukukhethwa kwamagama adwetshelwe emgqeni we-12, kuhambisana kanjani nomoya wenkondlo? (2)

3.5 Phawula ngempumelelo yembongi ekusebenziseni isimo sokukhuluma emgqeni wama-24. (2)
**[10]**

**KANYE**

**UMBUZO 4 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Sasingazange Simbone – SZB Muthwa**

Nguye-ke lona,
Esasimuzwa ngendaba,
Sifunda ngay'emaphepheni,
Singakholwa noma sebesho,
Selokhu sazalwa sakhul'siyalwa.
Ulw'eyokuthula neyokulingana.

Sasizitshela sizikhohlisa,
Ukuthi uyoth'angaphuma
Asifumbathis'umbayimbayi
Asigxish'inzondo negqubu,
Ngob'egqunyiwe wagqilazwa.
Cha, akubanga njalo.

Wasinik'udondolo sadondolozela,
Injobo wayithungel'ebandla.
Wasixhawulis'ukukhanya,
Waselul'imizimba,
Eyabe iwugogo uvalo
Ngokudans'iMadiba Jive.

Sakuzwa lokho kwesasa.
Wadum'uhlezi ungeyen'okaMenzi,
Wathandwa umhlaba wonke,
Wathanda umhlaba wonkana,
Ngob'uleth'ukuthula,
Ngob'uleth'intethelelo.

Waphuma wafana nenyanga,
Inyang'exosha'ubumnyama,
Yavuleka gengelez'iminyango
Kwaqhibuk'iBafana Bafana,
Kwaqhaka'amaBhokobhoko,
Sawela sayoligenda phesheya.

Okwayizolo kwab'okwayizolo,
Wasikhombi'emasangwen'emfundo,
Ezomzabalazo zaphenduk'amakhuba,
Ngoba ebumb'isizwe.

4.1 Sizathu sini esasibangela ukuba abantu bacabange ukuthi uMadiba wayezobafumbathisa ombayimbayi? (2)

4.2 Qhathanisa umqondo oqukethwe isitanza soku-1 kanye nesitanza sesi-5 uveze umehluko. (2)

4.3 Chaza ukuthi umfanekisomqondo otholakala emgqeni we-15 unamthelela muni ekuqondeni kwakho indikimba yale nkondlo. (2)

4.4 Iyini inhloso yembongi ukusebenzisa ukuxhumana okusekuqaleni emgqeni wama-21 nasemgqeni wama-22? (2)

4.5 Phawula ngokusetshenziswa kokuxhumana okusemgqeni wama-25 nowama-26. (2)
**[10]**

**KANYE**

INKONDLO ENGAMISELWE (UPHOQELEKILE UKUPHENDULA LO MBUZO).
Phendula umbuzo owodwa kule elandelayo. UMBUZO 5 (omude) NOMA UMBUZO 6 (omfushane).

**UMBUZO 5 (UMBUZO OMUDE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

**Kanti kunjan'emhlabeni? – MD Buthelezi**

Ukuzicwecw' ebubin' ubumbulu,
Ukukheth' inkambis' enqala inzondo,
Ukwenz' umsebenzi ubusheshelengwana;
Kanti nton' efunekay' emhlabeni?

Ukwethembek' ube nogazi kwabakhulu,
Zigqabo nokuphalaza,
Wenziw' ihlay' ezinyonini;
Kufunekani kulo mhlaba?

Ukub' umshungu nezigangi,
Ukugwegwes' enyathukweni isobala,
Ukuncom' ubuvila,
Nom' ukudelel' iziyalo?

Ngab' ubudlova nodlame?
Ngab' ukuphendukel' abazali?
Ngab' ukugobhozis' igazi,
Nokucekela phans' imithombo yolwazi?

Ngifun' impucuko ngiyacwaswa
Ngobuzwe, ngenkolo, nangohlanga,
Nangokuncishw' imfund' esezingeni;
Sikebhe semfundo ungisaphi?

Ngizilwela nempilo
Ngibekezele ngiphumelele, inzondo;
Nginkenkethelw' amehl' amabhuku,
Nenzalo yam' icala.

Ngisozalweni lwakwethu,
Ngomkami wendandatho
Ngiyisinengiso, ngiphehlelw' amanzi,
'Ze kushabalale konke.

Komakhelwane ngamandl' ami
Ngingunyamana- mbana;
Inqol' egcekeni yiZulu–
Kanti kunjan' emhlabeni?

Chaza ukuthi isigqi sale nkondlo siwulolonga kanjani umqondo wale nkondlo. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Umqondo wenkondlo.
- Ukuchaza ukuthi isigqi siwuwulolonga kanjani umqondo wenkondlo. **[10]**

**NOMA**

**UMBUZO 6 (UMBUZO OMFUSHANE)**

**Kanti Kunjan'emhlabeni? – MD Buthelezi**

Phinda ufundisise le nkondlo engenhla bese uphendula imibuzo elandelayo.

6.1 Kungani imbongi ikhombisa ukudideka kulesi stanza sokuqala? (2)

6.2 Qhathanisa umqondo oqukethwe umugqa wama-25 kuya kowama-27 kanye nomqondo oqukethwe umugqa wama-29 kuya kowama-31 uveze umehluko. (2)

6.3 Ngabe imvumelwano siqalo etholakala emgqeni wama-21 kuya kowama-23 iwulolonga kanjani umqondo wale nkondlo? (2)

6.4 Ucabanga ukuthi singaba namphumela muni lesi simo imbongi ezithola ikusona? Sekela impendulo yakho. (2)

6.5 Phawula ngempumelelo yembongi ekusebenziseni umbuzombumbulu emgqeni wesi-4 kanye nowama-32. (2)
**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: AMANOVELI

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

### UMBUZO 7 (UMBUZO OMUDE)

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

Humusha indikimba yale noveli ethi, *Bengithi Lizokuna*, uyibhekise ezingxenyeni ezithile kule noveli. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Ukuchaza ukuthi yini indikimba.
- Ukuqonda ngezingxenye ezithile zenoveli.
- Impumelelo yezingxenye ezithile zenoveli ekugqamiseni indikimba. **[25]**

**NOMA**

### UMBUZO 8 (UMBUZO OMFUSHANE)

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

Heqe uvalo futhi kuXolani. 'Mina ngizinguMahlengi. Mahlengi Ngidi,' isho ikhipha ikhadi lebhizinisi ephaketheni lehembe.
'Hlomuka,' emukela ikhadi entokazini, naye ekhipha elakhe eyinika eyigqolozela ngenkathi ilemukela, ilibukisisa.
'Hhayi, sengathi kuningi okuzokuhlanganisa …,' isho iphinde ilibuka futhi ikhadi, ivula isikhwama sesikhumba, ilifaka kuso ngesineke.

Kuthi akasangane uXolani uma ezwa elokuthi kuningi okusazobahlanganisa nale ntokazi esivele yamamukela ngomoya omuhle, kayaze yaba nakho lokhu kuziqhenya uXolani abecabanga ukuthi kungenzeka ibe nakho njengoba iyinhle kanjena nje.
'Awu, usuyabhuqa-ke. Umuntu onebhizinisi le-*bed and breakfast* engabe ehlanganaphi nje nomuntu onenkampani esacathula yokuthutha izimpahla njengami nje?' ebuza ehleka ngenkathi belandelana beyobamba umugqa oya ekudleni.
'Ngeke wazi, kusemhlabeni lapha,' isho iqhumisa uhleko oselwenza uXolani aphithanelwe yikhanda kube sengathi uyaqala ukuzwa umuntu ehleka ngokukhululeka.
'Ungasashongo mntanomuntu,' eqhubeka nokuyibuka le ntokazi enhle efake ibhulukwe elimhlophe eliyima kahle, elifanelana nehembe layo elimnyama. Ekhanda elilungiswe kahle, ibeke izibuko zelanga, ezindlebeni ifake amacici egolide, nawo amahle. Esifubeni kulenga umgexo wegolide onomhlobiswana wenhliziyo. Esihlakaleni ifake iwashi legolide.

Baphake qede babuyele etafuleni labo. Yibona bobabili kuleli tafula nanxa amanye ehleli abantu ngabane, ngabahlanu. UXolani usalokhu eyibuka intokazi nangenkathi sebehleli phansi, sebedla. Osekumjabulisa ngukuthi umunwe omkhulu esandleni sayo sobunxele kawunandandatho ekhomba ukuthi ishadile, nanxa kweminye iminwe ezandleni zikhona izindandatho ezinhle, zegolide.

8.1 Shono ukuthi kungani uXolani abiza uMahlengi ngesithakazelo sakhe kulesi siqeshana? (1)

8.2 Sizathu sini esabangela ukuthi umlingiswa onguXolani acabange ukuthi le ntokazi akhuluma nayo hleze ingaziqhenya uma ethi ukhuluma nayo? (2)

8.3 Ukukhombisa kanjani umlingiswa onguMahlengi ukuthi uyazithanda kulesi siqeshana? Sekela impendulo yakho. (3)

8.4 Bakukhombise kanjani abalingiswa abangoXolani noMahlengi ukuthi bayawasukumela amathuba ezamabhiznisi avulwe nguHulumeni kubantu abamnyama? (2)

8.5 Kungani isifiso somlingiswa onguNdumiso sokulobola uMahlengi singaphumelelanga nakuba wayeseyitholile imali? (2)

8.6 Chaza ngembangela yokudideka komlingiswa onguXolani ngendlela uMahlengi amamukela ngayo kulesi siqeshana. (2)

8.7 Chaza ukuthi isimo sokukhuluma esidwetshelwe esiqeshini sinamthelela muni ekuqondeni kwakho indaba. (2)

8.8 Kube nasiphetho sini kumlingiswa onguXolani ukugajwa uthando lukaMahlengi? Sekela impendulo yakho. (2)

8.9 Ngokucabanga kwakho iyini inhloso yomlingiswa onguMahlengi yokunika uXolani ikhadi lebhizinisi? (2)

8.10 Ngabe yimuphi umyalezo odluliswa umbhali ngesenzo sikaNkululeko sokuzibulala emva kokwaliwa uNontobeko? Sekela impendulo yakho. (2)

8.11 Ngabe uyavumelana yini nesenzo somlingiswa onguMhlengi sokwala uNontobeko angamtsheli iqiniso? Sekela impendulo yakho. (2)

8.12 Hlaziya ikhono lombhali lokusebenzisa isu lokubikezela kulesi siqeshana. (3)
**[25]**

**NOMA**

**UMBUZO 9 (UMBUZO OMUDE)**

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

Humusha indikimba yale noveli ethi, *Usumenyezelwe-ke Umcebo*, uyibhekise ezingxenyeni ezithile kule noveli. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Ukuchaza ukuthi yini indikimba.
- Ukuqonda ngezingxenye ezithile zenoveli.
- Impumelelo yezingxenye ezithile zenoveli ekugqamiseni indikimba. **[25]**

**NOMA**

**UMBUZO 10 (UMBUZO OMUDE)**

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO*** **– MJ Mngadi**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

Ahlangana amaNzima ekhaya, wakhala uNomvula wabanga umunyu. Wayekhalela bani pho? UMaHadebe wayelokhu emklabele njalo ngeso lenzondo sengathi wayemxwayisa ngalo ukuba angalokothi ayithi vu eyoMahuzu eThekwini. UNomvula wabapha izingubo ayebathengele zona, nemali. Babonga banconcoza nogogo. Wunina amshaya ngemfumba yemali ngasese. Batheleka nomakhelwane bezobingelela isicebi sendawo nabo besibuka ngamehlo acelayo. Nabo baphiwa imfalakahlana, ayafazwa njengoba kwenza uSkiti eThusini. Bakhangezwa ngesizotha, babonga bemcelela izibusiso nokwandiswa kwezinhlanhla. Kusekuhle kunje, unina wamcela ukuba asheshe abaleke. Kwaba sengathi uChule wayezwa. Imoto yabonakala isijamele igceke. Wavalelisa uNomvula, zaya eshiya ingahlanganiselwa mlomo, kubatshazwa nemoto ayehamba ngayo.

Zafika izincwadi, uChule wamkhiphela isineke kusihlwa emfundisa zona. Eyothando uChule wayethula ethala wayibeka ezithebeni. NoNomvula akazi ukuthi kwenzeka nini, kanjani. Wathuka esemgaxa ngengalo eyabambela ucu. Ngokuqhubeka kwezinsuku uthando lwabo noChule lwavutha amalangabi. A, uNkosiyaphakade naleso sandla ayesiphiwe sokuphatha isimame. UNkosiyaphakade uma uke wasondelana naye wayefana nenhlwathi isithandele inyamazane iyiphoqoza amathambo, iyikhotha iyilungiselela ukuyilobotshela. Isineke wayengasikhiphi ngesandla kuphela, kepha edle nangobuciko bomlomo, enodlebe enjalo nje. Wayentelisana, emlalela ahlekisana naye, emkhulula emoyeni ukuba azisholo yena ukuthi wayethokoziswa yini. Abesimame ayeke achitha nabo isizungu babekhululeka bagcine bengasambizi ngobaba uChule. Ngisho abangaphansi nakuNomvula ngeminyaka wawubezwa sebembiza ngoBhebeza esikhundleni sika-Ebenezer, noma uSebha esikhundleni sikaSebastian. Yebo esakhe isandla sasingaphoqozi, sasinogesi waso nje owawuthusi igazi. Wayezihlupha uNkosiyaphakade ngokufunda izincwadi eziphathelene nokuphathwa nokuthokoziswa kwesimame, nokumehlela ngomphefumulo ambusise ngemfudumalo yawo ayidingayo.

10.1 Kwakubangelwa yini ukuthi umlingiswa onguNomvula anikeze unina imfumba yemali ngasese? (2)

10.2 Iyiphi imbangela yokuthi uMaHadebe abuke uNomvula ngeso elibi? (2)

10.3 Sizathu sini esadala ukuthi umlingiswa onguNomvula aphe abantu baseMangweni nabaseThusini imali ngendlela engafani? (2)

10.4 Chaza umsebenzi womlandi kulesi siqeshana ubhekise endleleleni achaze ngayo umlingiswa onguChule. (2)

10.5 Chaza kafushane ngokuphumelela komlingiswa onguSkiti ekuqoleni uNomvula imali yakhe. (2)

10.6 Ngokucabanga kwakho kwakubangelwa yini ukuthi umlingiswa onguDicey acebise uNomvula ngemali yakhe ayeyiwine emjahweni wamahhashi? Sekela impendulo yakho. (2)

10.7 Chaza ukuthi isimo sokukhuluma esidwetshwelwe sinamthelela muni ekuqondeni kwakho isimo sikaNomvula. (2)

10.8 Ngokucabanga kwakho kungani abaculi bakaMaskandi abaningi babo bewela baye phesheya njengoGenyeza bebe becula ngolimi lwabo lomdabu? (2)

10.9 Yimuphi umyalezo odluliswa umbhali ngesenzo sikaNomvula sokupha abantu imali abayizitha zakhe? (2)

10.10 Yini inhloso yomlingiswa onguChule yokukhombisa uthando olukhulu kangaka kuNomvula? (2)

10.11 Ngabe kwakufanele yini uNomvula avakashele eMangweni? Sekela impendulo yakho. (2)

10.12 Phawula ngempumelelo yombhali ngokuvezwa kukaGenyeza kule noveli. Sekela impendulo yakho. (3)
**[25]**

**NOMA**

**UMBUZO 11 (UMBUZO OMUDE)**

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

Humusha indikimba yale noveli ethi, *Kunjalo-ke*, ubhekise ezingxenyeni ezithile kule noveli. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340–390.

Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Ukuchaza ukuthi yini indikimba.
- Ukuqonda ngezingxenye ezithile zenoveli.
- Impumelelo yezingxenye ezithile zenoveli ekugqamiseni indikimba. **[25]**

**NOMA**

**UMBUZO 12 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

'Manje Dumazile bengifisa wena ube ngumamncane kaMpisendlini.'
'Hhayi bo! Bese kugcwaliseka izinsolo zakhe?'
'Izinsolo zani?'
'Izinsolo zokuthi siyathandana njengokusho kukaLizzy. Angifuni neze nje ukuzixabanisa nomkakho.'
'Ngizokwakha uhlelo lokuba kube nguwena undlunkulu, yena ngizoyibona indaba yakhe.'
'Mina ngiseyingane bantu.'
'Ikhona ingane enengane? Musa ukuganga wena.'
'Hhayi bo! Futhi wena umdala kabi kimina! Kungathiwani nje ngithandana nomuntu ocishe alingane nobaba wami?'

'Ukuthandana akudingi sayizi kungezicathulo.'
'Uyazi bengingalindele neze ukuthi ungakhuluma kanjena!'
UDumazile athi ukubuka izimpahla zakhe ayezithengelwe nguSithole. Nokho wathanda ukujabha ukubona ukuthi ubondlozelwa kanjena nje kanti imbuzi igudle iguma.

Yahamba njalo imoto yaze yayofika esitolo, behla. Izimpahla zathulwa emotweni, zangeniswa ezindaweni zazo. Akuthathanga sikhathi eside besesitolo, kwashaya isikhathi sokuvala. USithole wabona indlela ebheke ekhaya. UDumazile wasala edidekile. Wake wathula wacabanga:
'Yini lena ekhulunywa nguSithole kimina? Ungihlolela ibhadi lini nje? Yimihlola phela lena.'

'Qiniso! Ngithandane nobaba wami? Sekuphele ontanga yami yini?' Athule kancane. 'Uthi kodwa le nto ayenziwa yimithi kaMaKhwashube? Uthi kodwa isimonyo angisisebenzisanga nje kakhulu kwaze kweqa? Ngiyasola. Washo uMaKhwashube ukuthi ngingasisebenzisi njalo kumbe kakhulu ngoba kuyokwakheka uthando okungelona lolu mina ebengiluqondile lokuba ngithandwe ngubasi nje ngokomsebenzi. Mh, bakithi! Yinto ezothiwani lena? Ngizoluphala kanjani manje lolu thando uSithole asengithanda ngalo? Angingabazi ukuthi yisimonyo lesi esidale yonke le nyakanyaka. Kusobala-ke ukuthi ngasisebenzisa kakhulu kwaze kweqa. Mh …!'

12.1 Sizathu sini esenza umlingiswa onguLizzy abhebhethekise izinsolo ezazingamanga zokuthandana kukaDumazile kanye noSithole? Sekela impendulo yakho. (2)

12.2 Chaza kafushane ukuthi lwakheka kanjani uthando lukaDumazile kumlingiswa onguSithole ngokwalesi siqeshana. (2)

12.3 Yisho izizathu EZINTATHU ezikhombisa ukudideka komlingiswa osemqoka mayelana nesicelo sikaSithole ngokwalesi siqeshana. (3)

12.4 Chaza kafushane ukuthi umlingiswa onguDumazile wayezohluka ngani kuMaNzimande ngokusho kukaSithole. (2)

12.5 Sizathu sini esenza umlingiswa onguSithole athi uDumazile akayona ingane? (1)

12.6 Chaza ukuthi isimo sokukhuluma esidwetshelwe esiqeshini sinamthelela muni ekuqondeni kwakho indaba. (2)

12.7 Yini inhloso yombhali ngokusebenzisa abalingiswa abangoMaJwara noMaMdinsilwa ukupheleza uMaNdovela ukuyobika isisu sikaDumazile esikoleni eZenzele? (2)

12.8 Ngabe indlela uMaNzimande abuka ngayo udaba lomyeni wakhe kanye noDumazile imveza njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (2)

12.9 Ucabanga ukuthi isenzo sokuxoshwa kukaDumazile esikoleni eZenzele ngoba ekhulelwe siyahambisana yini noMthethosisekelo wakuleli? Sekela impendlo yakho. (2)

12.10 Kwabangelwa yini ukuthi umlingiswa onguMtalaselwa enqabe kubazali bakhe ukuba akhe endaweni ababemabele yona eduze komuzi wakwabo. (2)

12.11 Ngokubona kwakho kwakufanele yini abazali bakaDumazile bavume ukuthi uDumazile aphindele emuva noSithole emva kokukhokha kukaSithole inhlawulo? Sekela impendulo yakho. (2)

12.12 Phawula ngekhono lombhali lokuqamba umlingiswa omkhulu ngokuthi UDumazile. (3)
**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 25**

## ISIQEPHU C: IMIDLALO

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

**UMBUZO 13 (UMBUZO OMUDE)**

***KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo**

Hlolisisa ukuthi inkulumompendulwano nezenzeko (izehlakalo) kunabudlelwano buni nommeleli kulo mdlalo othi, *Kudela Owaziyo*. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340–390.

Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Ukuqonda inkulumompendulwano emdlalweni nokuthi iwukhulisa kanjani umdlalo.
- Ukuqonda izenzeko/izehlakalo ziwukhulisa kanjani umdlalo.
- Ubudlelwano obuvezwa yinkulumompendulwano kanye nezenzeko. **[25]**

**NOMA**

**UMBUZO 14 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

*(Eselini lezitokisi esiteshini samaphoyisa eSundumbili, iphoyisa livula ngamawala izihengqo nezicabha.)*

ZAYEKA: *(uyamemeza)* Mdaluli Memela! Mda-lu-li!

MDALULI: *(ngezwi eliphakeme)* Wangibiza ngasabela wena wakoSidlodlo.

ZAYEKA: *(ukhulumela phezulu)* Phuma ungilandele. Sezifikile izivakashi zakho obuyaleze ukuba ubizelwe zona.

MDALULI: *(kuzwakale izigi ezinamandla, uyaphuma)* Ngiyazibongela. <u>Isandla sedlula ikhanda</u>. Sayitsheni wami …
*(Kuvaleke izihengqo nezicabha. Uyamqhuba baqonde emhubheni lapho okubonwa khona izivakashi.)*

ZAYEKA: Nazo-ke izivakashi zakho. *(Kuthuleke)* Ngininika imizuzu engamashumi amathathu nje kuphela nisaqhubeka nengxoxo yenu.

BOBAHLANU: *(kanye kanye)* Siyabonga.
*(UMdaluli lona ubeyaleze ukuba abizelwe uChivenga namadodakazi akhe uLondiwe, uKhombephi, noNenelezi okumanje nje sebelindele ukuqhuba ingxoxo noMdaluli. Lona wesihlanu osebajoyinile nguHlengiwe.)*

| | |
|---|---|
| MDALULI: | *(ngezwi elinokuzithoba)* Ngiyabonga ukungihlonipha kwenu zivakashi zami nafika lapho ebengicele ukuba niziveze khona ngenhloso yokuzoxoxisana ngikhiphe lokhu okungaphakathi kimi. |
| BOBAHLANU: | *(kanye kanye)* Yebo baba. |
| MDALULI: | *(athinte kancane isikhwehlela)* Lo mbiko engiqonde ukuwedlulisa namhlanje ngizoqala ngokuwubhekisa kini madodakazi ami ngomuzwa wokuzisola njengomuntu ozibona enecala phambi kwamathongo ami naphambi kukaMvelinqangi ngenxa yesenzo sodlame engasenza kini. |
| BOBATHATHU: | *(kanye kanye)* Yebo baba! |
| MDALULI: | *(ujabhile)* Lo mbiko engiqonde ukuwedlulisa namhlanje lapha kini ingqikithi yawo isekutheni selokhu ngingenile lapha eselini njengomsolwa otokile osalindele ukuqulwa kwecala lakhe, angikaze ngikuthole neze ukuphumula emoyeni. Eqinisweni ngihlaselwa amaphupho amabi ephelekezelwa yizithunzi zabadala abangamathongo omuzi. Bathi manginilande kuzo zonke izinkalo enganichithela kuzo, khona lapho ngizicelele uxolo kini ngiphinde ngihlawule ngembuzi yokugeza igceke lomuzi wabo ngenxa yokunihubha kwami ngesikhali emzini wabo. Sengicela ukuzwa kini-ke manje ukuthi ngabe niphawula nithini kuleli lami loxolo. Ngabe niyangixolela zingane zami kumbe nisangibambele inhliziyo namagqubu? |

14.1 Kungani umlingiswa onguMdaluli egcinwe eselini lezitokisi esiteshini samaphoyisa kunokuba agcinwe ejele? (2)

14.2 Sizathu sini esenza abalingiswa abangoChivenga, uHlengiwe kanye namadodakazi kaMdaluli baye ejele ngokwalesi siqeshana? (2)

14.3 Chaza kafushane ngesenzeko esenze ukuba uMdaluli axolise emadodakazini akhe. (2)

14.4 Kwakufanele yini ukuthi umlingiswa onguMdaluli ahlawule ngembuzi emadlozini? Sekela impendulo yakho. (2)

14.5 Chaza kafushane isenzeko esaholela ekuboshweni kukaMdaluli. (2)

14.6 Ngokucabanga kwakho isenzo somlingiswa onguKhombephi sokumemeza omakhelwane evele ngefasitela sikhombisa isimo esinjani kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)

14.7 Ngabe ukusula icala kukaChivenga elalithweswe uMdaluli kumveza njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (2)

14.8 Chaza ukuthi isimo sokukhuluma esidwetshelwe sinamthelela muni ekuqondeni kwakho lo mdlalo. (2)

14.9 Qhathanisa indlela umlingiswa onguMaMlanduli kanye nomlingiswa onguLondiwe ababuka ngayo udlame olwenziwa uMdaluli ekhaya. (2)

14.10 Ngokucabanga kwakho kwakufanele yini uLondiwe ayeke ukufunda uma ubaba wakhe ephelelwa umsebenzi? Sekela impendulo yakho. (2)

14.11 Kungabe isenzo sikaMbhebhezeli sokutshela uChivenga ukuthi uMdaluli umthakathile samkelekile yini kuwena? Sekela impendulo yakho. (2)

14.12 Uphumelele kanjani umbhali ekuphetheni lo mdlalo? (3)
**[25]**

**NOMA**

**UMBUZO 15 (UMBUZO OMUDE)**

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

Hlolisisa ukuthi inkulumompendulwano nesenzeko (isehlakalo) kunabudlelwano buni nommeleli kulo mdlalo othi, *Awuwelwa UMngeni*. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340–390.

Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Ukuqonda inkulumompendulwano emdlalweni nokuthi iwukhulisa kanjani umdlalo.
- Ukuqonda izenzeko/izehlakalo ziwukhulisa kanjani umdlalo.
- Ubudlelwano obuvezwa yinkulumompendulwano kanye nezenzeko. **[25]**

**NOMA**

**UMBUZO 16 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

| | |
|---|---|
| MCANJANA: | Kungakuhle uHulumeni aphinde ayicabangisise kahle le nto eshiwo nguSomtsewu asecabanga ukuyenza USomtsewu yena uphundulwe yini ukuthi abonisane nathi engakafiki esiphethweni salolu daba? Yini thina simane sitshelwe nje, kungaboniswana nathi? |
| ZITHULELE: | *(ekhulumela phansi)* Ngumfowenu nalona? *(Ebuza kuSalimani)* |
| SALIMANI: | Kunjalo. Ngumfowethu wasoDibini lona. NguMcanjana. |
| MBONGOLO: | Yena uSomtsewu unasibindi sini sokwemukela akutshelwa ngabelungu bamapulazi beyizifiki, azi kahle kamhlophe ukuthi ngeke size siyemukele thina nesizwe sonke le mbudane? |
| ZITHULELE: | Bayakhuluma abantu bakho. Bayakhuluma abafowenu ngiyezwa. Kepha-ke aninamandla okuphikisa uMbusi wezwe. UHulumeni akaphikiswa 'abantu'. |
| MBONGOLO: | Yena uSomtsewu unasibindi sini sokwemukela akutshelwa ngabelungu bamapulazi beyizifiki, azi kahle kamhlophe ukuthi ngeke size siyemukele thina nesizwe sonke le mbudane? |

| | |
|---|---|
| ZITHULELE: | Bayakhuluma abantu bakho. Bayakhuluma abafowenu ngiyezwa. Kepha-ke aninamandla okuphikisa uMbusi wezwe. UHulumeni akaphikiswa 'abantu'. |
| SALIMANI: | Kanti yena yindoda enjani engelulekwa? Kungabakhona pho ukuthula uma kunjalo? Kanti ngamatshe yini ngoba abantu banegazi nemizwa <u>nezinhliziyo ezingaphakelwa</u> laba abasuswayo? Njengoba sebechaze baqeda abafowethu uVimbingwenya akakaze abe yingxenye yamapulazi abelungu abathi awabo. NoMngeni awukwazi ukuba owabo. |
| ZITHULELE: | Ukubadedela laba bantu bakho bakwaVimbingwenya nabaseMngeni babuyele konkosana kuzokuxakazululela izinkinga ezinkulu. Ngeke usabhekana nomsebenzi wokuxazulula izinkinga zabo udale nokuthula kuleyo ndawo. Ukuncipha kwabantu bakho ngale ndlela kuzokunciphisela nezinkinga. Abelungu futhi bazokhiqiza ukudla kuthenge nabantu bakho badle basuthe. |
| SALIMANI: | Yinhlamba leyo. Abazidlakudla. Izinkinga zabo azingesindi. |
| MCONDO: | Yimihlola lena! Wona amalungelo ethu anjengokuzifuyela ngokuthanda nokuziphilela kamnandi siyobe sisawatholaphi uma singadayiswa ngale ndlela? |
| ZITHULELE: | Akukho malungelo azonilahlekela. Wonke amalungelo enu ayosala enjalo. Futhi nizoba seduzane nanedolobha nithole kalula nezimvume zokusebenza eMgungundlovu. |
| MBONGOLO: | Abadinge buduze bedolobha abantu bakithi. Uzobaqukula nenhlabathi ubasondeze edolobheni? |
| MCANJANA: | Kuzothi ngokuqhelukiswa komngcele bese bezithola beseduze nedolobha? Kunganjani ukuba sihlanganiswe nazo lezi zichwensi zabelungu kesizwe ilaka lazo? |
| ABANTU: | Elethu! |
| ZITHULELE: | Ngeke kulunge lokho. Ngeke kulunge. |

16.1 Yikuphi OKUBILI okukhombisa ukuthi umbuso kaSomtsewu awuhambisani nentando yeningi? (2)

16.2 Yiziphi izizathu EZINE ezathenjiswa uSalimani ukuthi abantu bakhe bazohlomula ngazo uma bevuma ukuba ngaphansi kwabelungu? (4)

16.3 Qhathanisa ukuphawula kwalaba balingiswa abalandelayo mayelana nodaba lokuthathwa komhlaba wabo nguHulumeni: Mcanjana; Mbongolo; Mcondo; Salimani. (4)

16.4 Inkulumo kaZithulele ethi: 'Ngeke kulunge lokho. Ngeke kulunge.' Imveza njengomuntu onjani? Sekela impendulo yakho. (2)

16.5 Qhathanisa indlela umlingiswa onguZithulele kanye nabantu bakaSalimani ababona ngayo izinto ngodaba lokuphathwa ngabelungu. (2)

16.6 Chaza ukuthi isimo sokukhuluma esidwetshelwe sinamthelela muni ekuqondeni kwakho lo mdlalo. (2)

16.7 Ngokucabanga kwakho saba namthelela muni isinqumo sejaji ekuhlalisaneni kwabantu abamnyama kanye nabelungu? (2)

16.8 Chaza inkulumo kaMphiliphili ngenkathi ekhuluma noZithulele kuthethwa icala labantu bakaVimbingwenya enkantolo yaseMshwathi. (2)

16.9 Ngokubona kwakho ngabe isitatimende esishiwo uZithulele sokuthi abantu bakaSalimani abanawo amandla okuphikisa uMbusi wezwe sasifanele yini? Sekela impendulo yakho. (2)

16.10 Ngabe indlela umlingiswa onguMcanjana aziphethe ngayo kulo lonke lolu daba lwezingxoxo mayelana nomhlaba wenkosi uSalimani, yamukelekile yini kuwena? Sekela impendulo yakho. (3)
**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 25**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**